**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KWAMANQAMU (FINAL EXAMS)NOVEMBA 2013**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**
**IBANGA LESHUMI(GRADE 10)**
**IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI: 2AMAHORA** **AMAMAKI :70**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
- Khetha futhi uphendule imibuzo njengokwemiyalelo.
- Bhala ngolimi oluhle.
- Sebenzisa upelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

## ISIQEPHU A
## UMHLABA UYAPHENDUKA: A.B. SHANGE

1.Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso i-eseyi ibe yikhasi **elilodwa eligcwele.**

1.1.Ingabe isihloko sencwadi esithi" Umhlaba uyaphenduka" siyifanele yini le ncwadi? Xoxa ngombono wakho uwufakazele ngalokho okwenzeka endabeni. (20)

**NOMA**

1.2. Ukukhuluma izindaba ezingahlanganise lutho nawe kungaba nemiphumela emibi kwabanye abantu kanye nasemindenini yabo.Xoxa ngalo mbono ubhekise kuMaNhlebele nomndeni wakwaMadonsela.

(20)

**NOMA**

1.3. Bhala i- eseyi usho ukuthi laba balingiswa abalandelayo bavezwe bengabantu abanjani kule noveli ethi 'Umhlaba uyaphenduka'Veza nokuthi ubunjalo babo bunamthelela muni ekwenzenzekeni kwezinto kule ndaba.Ungadluli emigqeni emihlanu umlingiswa ngamunye.

1.3.1. uMadonsela
1.3.2. uMakunene
1.3.3. uNqobani

(20)

2.Fndisisa iziqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

Ngale ekamelweni labafana uNqobani kade ekhumulile wagqoka ezokulala, walala. Empeleni akalele, kuze kube manje akakazumeki. Uyacabanga. Emicabangweni yakhe acabange aze afike ekutheni kungangcono azibulale khona abakwaMadonsela bezozwa ubuhlungu. Bazobona ukuthi uzibulala ngenxa yokumfihlela kwabo iqiniso. Nokho lokho kwaba umcabango odlulayo. Wangena-ke noBhekisipho naye esezolala. Wathi jeqe ngakuNqobani, wambona elele, wase ezishwatheka ezingutsheni eselala.

Ngale ekamelweni labadala uMaKunene wabe eqala eyithatha indaba.

"Baba kaNomfundo. Uyazi kunento eyenzekayo la engingayithandi."

"Yini yona leyo?" Kubuza uMadonsela ezishwatheka ezingutsheni.

"UNqobani uhleli yedwa laphaya ekamelweni, akafuni ukukhuluma."

"Yini, uyenqena ukukhuluma?" Kuphendula uMadonsela eselele ikhanda elibhekise phezulu. Le mpendulo yakhe ingamjabulisi uMaKunene, uMaKunene abone ukuthi umyeni wakhe uyedembesela.

"Ungakhuluma kanjani kanjalo ungazange umbheke naye uNqobani lowo? Uma ngithi uthule akakhulumi ngisho ukuthi akakhulumisi muntu, uquvile nje laphaya ekamelweni. Akamkhulumisi ngisho noBhekisipho. Wena uma kukhona omenze kona yisho. Noma mhlawumbe uchaza ukuthi awukukhathalele ukuthula kwakhe?"

2.1. Kukwabani kulo muzi okuxoxwa ngawo la? (1)

2.2. Bahlala kuliphi ilokishi laseGoli abakulo mndeni? (1)

2.3. Xoxa ngamafuphi ngesigameko esenzeke ekuseni ngalolu suku esiholele esimweni esishubile esikhona manje.Xoxa ngemigqa emithathu kuphela. (3)

[5]

3.

"Ngiyakhumbula impela."

"Manje lo mfana useyahlupha. Akasakhulumi, akasadli." Athule uMaKunene abheke phansi. Asheshe aliphakamise ikhanda, aqhubeke.

"Uyabona mina bengimthanda lo mfana, futhi ngisamthanda. angazi-ke ukuthi konakelephi. UMadonsela angangisola nje mina acabange ukuthi angimphathi kahle uNqobani, kodwa wazi kahle kamhlophe ukuthi akunjalo. Kuyasithusa lokhu MaNhlebele, asazi ukuthi uNqobani ungenwe yini."

"Nisolani nina?"

"Njengoba ngikutshela nje, asazi. Wena uthi asenzenjani?"

Wakhululeka kancane uMaNhlebele lapho ebona ukuthi uMaKunene akezile ukuzokulwa naye. Phela yena wayecabanga ukuthi uNqobani uyethule yonke indaba, wase eyasho nokuthi uzwe ngaye. Abuye asole uMaNhlebele ukuthi mhlawumbe uMaKunene usafuna ukumngena kahle. Njengoba esembuza umbono wakhe nje umcuphile. Umkhathaze lo mcabango.

Abe ngumuntu ocabangayo, ocabanga isu lokuqaqa le nkinga eza noMaKunene. Bathule manje bobabili, bayacabanga.

"Kulukhuni. Ukuqala nini lokho uNqobani, ngesonto elidlule noma manje nje?"

"Lutho. Hhayi ngesonto eledlule. Uqale izolo nje lokhu ... Izolo nje."

Awasho ngamandla la mazwi uMaKunene, eqonde ukugcizelela lokhu akushoyo. KuMaNhlebele lokhu kuzwakale njengolaka. Ahlahle amehlo uMaNhlebele emangele. Into azoyithini le? Uzophuma kanjani kulolu daba? Ayikho indlela yokuzikhipha.

3.1.Bahlanganiswa yini uMaNhlebele noMaKunene? (1)

3.2. Kungani uMaNhlebele ajahe ukubuza ukuthi basolani ngesimo sikaNqobani? (1)

3.3.Kwakufanele yini uMaNhlebele atshele uNqobani iqiniso amtshela lona? Usho ngani? (2)

3.4. Uma kwakunguwena uNqobani wawuzokwenzenjani ngale ndaba? (1)

[5]

4.Phendula ngokuthi **YIQINISO noma YIPHUTHA.**

4.1 KwaMadonsela bahlala eSandton. (1)
4.2.UNqobani yindodana yokugcina kwaMadonsela. (1)
4.3. UMaKunene wayeyithishelakazi. (1)
4.4. Amantombazana akwaMadonsela ayasebenza. (1)
4.5. Unina kaNqobani wangempela uMaMthembu. (1)
[5]

**ISIQEPHU B**
**IMPICABADALA-N.G.DLAMINI**

5.Khetha umbuzo **owodwa** kulena emide elandelayo ubhale ngawo kugcwale ikhasi **elilodwa.**

5.1.Ukukhuluma amanga kungakuholela ezinkingeni okunzima ukuzithombulula.Uyavuma noma uyaphika? Xoxa ufakezele imibono yakho ngabalingiswa abathintekayo yilesi simo emdlalweni,Impicabadala. (20)

**NOMA**

5.2.Umlobi womdlalo othi ' Impicabadala' uqonde ukwethula umyalezo othini kulo mdlalo?Bhala usekele imibono yakho ngalokho okwenzeka emdlalweni okwenza wena uthole lowo myalezo. (20)

**NOMA**

5.3. UThemba ubonakala ebe nesandla kakhulu ekuqaleni udweshu lwalo mdlalo othi ' Impicabadala' Xoxa ukuthi lolu dweshu luyithuthukisa kanjani indaba ize ifike kuvuthondaba. (20)

6.Funda iziqephu ezilandelayo bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

Delisile : Phela uthi noma uthanda ukuphoqa kodwa ungazi ukuthi uyoyinqandelwa ubani uma ikwehlula, ngoba akekho ozokuvikela. Ngelinye ilanga kwathi angithathe itshe ngiliphisele ekhanda ngabuye ngazikhuza ukuthi uma bengijaha baze bangifake lapha ekhaya ubani oyongiphephisa. Ngize ngifise ukufa uma sekunjena. *(Kungena uThemba engangqongqozile uma uthi phuhle phakathi nomnyango.)*

Themba : Ufelani kumnandi kangaka ukuphila.

Delisile : Sesiyahamba thina siya kubo kaThembi umama wakhe usibizile uthe asifike ngokushesha.

Themba : Kulungile phela ngoba nibabili kuzohamba nangu usisi omncane. Gijima sisi uzwe ukuthi umama kaThembi unibizelani.

Delisile : Hhayi bo! Sesiyolala thina manje akumele sifike sekuhlwile.

Themba : Musa ukungenza isilima wena. *(Ubuyisa izinhlonze, usondela kuyena.)* Delisile! Angithi ngikutshela kahle ukuthi kusukela namuhla sengizonilalisa ngoba akukho muntu omdala onivikelayo. Mina ngiwumuntu wesilisa akukho lutho oluzonihlupha uma ngikhona.

Nozipho : Habe! Asifuni muntu ozosilalisa thina. Futhi nje musa ukudlala ngoDeli. *(Uyafutheka.)*

6.1 Yini le eyenza uDelisile afise ukufa? (1)

6.2. Uzokwenzani uThemba kulo muzi? (1)

6.3.UMadoda wafika wawenzani olubi amadodakazi akhe ngalolu suku futhi wayekwenzelani lokho? (2)

[4]